



# Amagama kagogo wami

Mmapadi Mametja

IsiZulu



# Amagama kagogo wami

Ibhalwe ngu Mmapadi Mametja  
Kufanekiselwa ngu Heidi-Kate Greeff




Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi

Ingane ihamba nogogo wayo iya  
esontweni. Esontweni ugogo wami  
ubizwa ngokuthi uMfundisi. Ungakholwa!  
Ugogo unegama elisha, uMfundisi. Ugogo  
wami ufunda iBhayibheli futhi  
uyacula nebandla.



Sishiya isonto nogogo wami, manje  
siya esikoleni. Esikoleni, ugogo ubizwa  
ngokuthi uthisha. Ungakholwa! Ugogo  
unegama elisha, uthisha. Ugogo wami  
ufundisa abafundi kufunda, kuthi  
bona abafundi bafundele uthisha.




Siyaphuma emagcekeni esikole nogogo wami, manje siya esitolo. Esitolo, ugogo wami ubizwa ngokuthi uMthengi Ungakukholwa! Ugogo unegama elisha, uMthengi. Ugogo wami uthenga amaswidi, isinkwa, impuphu, inyama, isipinashi namaqabunga wetiye.




Siyaphuma esitolo nogogo,  
manje sesizovakashela ugogo  
uTetema, umngani kagogo wami.  
Lapho sifika kwagogo uTetema,  
igama likagogo wami nguMbhuli.  
Umngani wakhe umbiza uMbhuli  
ngoba uma ezokutshela ukuthi  
izokuna kusasa, impela  
izofika imvula. Uyakwazi  
ukubikezela ikusasa.



Sisuka endaweni kagogo uTetema manje siya emshadweni. Emshadweni, ugogo wami ubizwa ngokuthi yiNkazimulo yo muzi. Ngesikhathi eshada, ugogo wayegqoke ingubo ekhazimulayo. Emshadweni wakhe wezwakala etshela abantu ukuthi uyilanga lomuzi.




Manje siyawushiya umshado sesibuyela ekhaya. Ngenkathi singena esigodini sakithi, wonke umuntu ubebiza ugogo wami njengoMhlali. Lelo kwaku yigama lelo ugogo alithola ngemuva kokutshela abantu bendawo nsuku zonke ukuthi abazali bakhe yibo bokuqala abahlala kulowo muzi. Izingane zicale ukucula ingoma ethi: “Mhlali weqiniso, ohlala lapha ubuyile ekhaya!”





Ugogo wami ubhala izincwadi ezikhuluma  
ngawo wonke amagama akhe.  
Ngifunda izicwandi zikagogo.  
Ngithe ngisafunda, ngabona abangani  
bami bedlala. Ngibe senginquma ukubeka  
izincwadi phansi bese ngiyodlala  
nabangani bami.



Sizani bo! Ziphi izincwadi zikagogo?  
Izincwadi zikagogo sezinyamalele.  
Ngicela usizo! Abantu bantshontshe  
izincwadi zikagogo. Ngidinga usizo lwenu,  
abantu babaleka baphethe  
izincwadi zikagogo.



Ugogo wami uthukuthele.  
Ubelokhu engitshela ukuthi ukufunda  
akuhambisani nokudlala. Bekumele ngilalele  
ugogo, manje izincwadi zakhe sezinyamalele.  
Ugogo wami uthi kumele ngibheke lezo  
zincwadi ngize ngizithole.



Ngangikhungathekile, nganquma ukuya phezulu entabeni. Ngithe sengizokuwa, ngezwa othile ebambe ibhande lami, engivikela ekuweni ngizilimaze. Ngaqalaza, ngabona ugogo wami ephethe zonke lezo zincwadi eziyisithupha. Sangana nogogo wami, kodwa ugogo wami wakugcizelela ayekushilo, ukuthi: “Kufanele kube nesikhathi sokufunda, nesikhathi sokudlala!”



# **UKUBONGA**

## **Ibhalwe ngu**

Mmapadi Mametja

## **Kufanekiselwa ngu**

Heidi-Kate Greeff

## **Mhleli 1**

Pandelani Claudine Rambau

## **Mhleli 2**

Isabel Seakamela

## **Mhleli 3**

Irene Masemola

## **Umklami**

PixelPing Design

## **Umhumushi**

Samkelisiwe Nyathi

## **Umqinisekisi Wekhwalthi**

Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00694-0



basic education  
Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

